/1 Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade.
UJehova wabonakala kimi ekude, wathi: Ngikuthandile ngothando oluphakade; ngalokho ngikudonsile ngomusa.
NakuJesu Kristu ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo nombusi wamakhosi omhlaba; Kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe.
Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.
Kwathi ngaphambi komkhosi wePhasika uJesu azi ukuthi isikhathi sakhe sesifikile ukuba amuke kulelizwe, aye kuYise, ebathandile abakhe abasezweni wabathanda kwaze kwaba-sekupheleni.
Akakho onothando olukhulu kunalolo lokuba adele ukuphila kwakhe ngenxa yabahlobo bakhe.

/2 Lokhu konke kwenzeka ukuba kugewaliseke okwakhulunywa yiNkosi ngomprofethi ukuthi: Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana; bayakuyiqamba igama lokuthi uEmanuweli okungukuthi ngokuhunyushwa uNkulunkulu unathi.